

USomabhizinisi ugwetshwe 5 weminyaka ngokukhwabanisa i-VAT

Tshwane, 6 kuMfumfu 2021 – Kuleli sonto, uSomabhizinisi owasebenzisa ama-invoyisi entela omgunyathi ekubaleni iNtela yentengo ephumayo nentela engenile ugwetshwe iminyaka emihlanu ebhadla ejele ngelokukhwabanisa.

INkantolo Yesifunda yaseBloemfontein ilalele ubufakazi bokuthi iNtabe Trading & Projects CC noMnu MJ Ntabe bahlinzeke abacwaningimabhuku boPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ngamadokhumenti esekelayo omgunyathi ukufakazela izibalo zabo zeNtela yentengo.

Ucwaningomabhuku lwakaSARS lwenze okunye ukuhlola, okuthole ukuthi abanikezanga okuyimfanelo kwaSARS kwemali engu-R1-million. Le nkampani yayeka ukusebenza ngalokho-ke uMnu Ntabe kuphela obekwe icala kanti futhi ulivumile icala lelo.

Emacaleni angama-21 okukhwabanisa, uMnu MJ Ntabe ugwetshwe iminyaka eyi-8 ebhadla ejele kanti emithathu kuyo ilengiselwe iminyaka emihlanu ngaphansi kombandela wokuthi umsolwa akatholakali enecala lokukhwabanisa alenze ngesikhathi sokulengiswa kwesigwebo sakhe.

UKhomishana wakwa-SARS uMnu. Edward Kieswetter uzwakalise ukukhathazeka ngokuthi sesiside isikhathi isihlava sobugebengu beNtela yentengo bunyuka. “Kukhona izinkampani ezisungulwe ngenhloso yokukhwabanisela uSARS nje kuphela. Lesi sigwebo sokubhadla ejele kumele sidlulise umyalezo ocacile wokuthi uSARS unawo amandla okubamba ukukhwabanisa nokwenza kumbe eqolo kwabenzi bokubi”. Ngokusebenzisana nezinye izinhlaka zokuphoqelesa umthetho, uSARS uzoqhubeka nokwenza labo abenza lobu bugebengu babhekane nengalo yomthetho.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane nabakwaSARS ku-SARSMedia@sars.gov.za